

A Ukuqondakala.

❖ UKUNGQUBUZANA

- Zingaki izimpupputhe ezelashwa ngu Jesu e Jericho? Ayemangaki amadoda ayenamadimoni e Gadara (Mt. 8:28; Lk. 8:27)? Ngubani owalinga u Davide ukuba abale abantu (2S. 24:1; 1Chr. 21:1)?
- Iningi lezahluko ezibonakala sengathi ziyaphikisana e Bhayibhelini litholakala ezahlukeni ezihambisanayo.
- Uma abantu ababili bekhuluma ngesehlakalo esisodwa, bavame ukukhumbula izinto ezahlukeni, nanoma ngabe bobabili bezibonele ngawabo. Lokhu kubangwa wukuthi yizinto ezahlukeni ezithathekayo komunye nomunye. Ngokuqondakalayo, lokhu kuholela ekwahlukaneni kokulandisa lezo zindaba.

❖ AMAPHUTHA ABASHIQILELI

- Elinye lamaphutha abashiqileli elibonakala kalula litholakala kwezinye izihumusho zika 1 John 5:7-8. Kulokhu, amazwi okunakwa abhalwa ngowayekopa afakelwa ngababeza emvakwakhe njengamazwi okuqala.

❖ AMAPHUTHA EZIHUMUSHO

- Ngesinye isikhathi, iphutha lowayekopa lingaholela emaphutheni ezihumusho, njengaku Sambulo 22:14.
- Ezinye izincwadi zesi Greek zisebenzisa amazwi (*HOIPOIOUNTESTASENTOLAS*) angahunyushwa ngokuthi “labo abenza imiyalelo yakhe” (NKJV). Ezinye izincwadi zisebenzisa amazwi ehlukeni (*HOIPLUNONTESTASSTOLAS*) angahunyushwa ngokuthi “labo abahlanza izingubo zabo” (NIV).
- Kufanele sihlale lezi zahluko ngokuziqathanisa nezinye ezifana nazo ukuze sazi ukuthi yisiphi isihumusho esilungile. Lawo ngamaphutha abantu, angenakwenza lutho ngokuphefunyulelwa kweBhayibheli.

B Ukwethembeka.

- ❖ Singazithola izahluko esingaziqondi noma esingenakuzichaza.
- ❖ Uma kunjalo, masethembeke sivume ukuthi asinakuyixazulula leyo nkinga.
- ❖ Uma sazi ukuthi incazelo ingaba nephutha, kuyiphutha eliyingozi ukuyemukela njengeqiniso. Kubi kakhulu ke ukwethula leyo ncazelo ngenhloso yokudukisa abanye, sibenze bakholwe yinto esazi kahle ukuthi ayivumelani nokushiwo yilesa sahluko.

C Ukuzithoba.

- ❖ Sithini ngezahluko ezibonakala zimelene nalokho esikholwa wukuthi kuyiqiniso? Singathini uma lezo zahluko zisibonisa esikwenzayo okuyisono?
- ❖ Ukuzikhukhumeza kungasenza singavumi ukuthi asenzi kahle. Singazama nokuthola incazelo ezokwenza sengathi leso sahluko sivumelana neqiniso lethu noma liyisono ngandlela zonke, noma leyo ncazelo ibonakala ukuthi akuyona.
- ❖ Ngakolunye uhlangothi, umoya wokuthobeka uyosisiza ukwamukela iqiniso njengoba libhaliwe e Bhayibhelini , sivumele uNkulunkulu alungisise izimpilo zethu ngokwalelo qiniso.

D Ukubekezela.

- ❖ Kufanele sizinike isikhathi ukuze sifunde izahluko ezilukhuni ngokubekezela. Kungenzeka sidinge nokuthi sizibekele eceleni okwesikhashana, kuze kube kulapho uNkulunkulu esesinike ukukhanya okunye ukuze siziqonde.
- ❖ Isikhathi esisunikela ekwenzeni okuthile silawulwa wukuthi sizinikele kangakanani kuleyonto. Ngakho ke, phikelela ufunde ngokubekezela iBhayibheli.

E Umthandazo.

- ❖ Singabuza kumbhali weBhayibheli ngokwakhe uma kukhona esingakuzwisisi. UNkulunkulu usiphe umthandazo ukuze sikhulume naye.
- ❖ Akufanele sifunde iBhayibheli ngaphandle kokuthandaza. Kufanele sivumele uMoya asiholele kulo lonke iqiniso (John 16:13).